

**USITHELO DA DJ edlala ngokuhlanganyela noDJ Kotin kwiGumba Fest oLundi ngoMgqibelo**

Isithombe: SIBONELO NGCOBO

# Ungenise kwezwakala uDJ weGcobhoza

**FANELESIBONGE BENGU**

UDJ wesifazane ofike kwezwakala emculweni, uSithelo The DJ, uthe akasiwo umlilo wamaphepha ngoba usazohlala emculweni.

USithelo, oshisa izikhotha ngengoma ethi *Gcobhoza*, uphinde wakhuluma nangamahemuhemu okuthi uyisichuse esidlalelwa nguDJ Kotin njengoba bedlala bobabili.

"Abantu abaziyo ukuthi kwenzekani uma uklwebha amapuleti bazokwazi ukuthi amathuba okuthi umuntu akudlalele mancane. Lawo mahemuhemu awangikhathazi nakancane ngoba ngamahemuhemu. Maningi aseke ashiwo ngami empilweni. Awakaze angivimbe ukuthi ngenze noma ngabe yini engiyifunayo."

USithelo uthe akafuni ukuba wumlilo wamaphepha.

"Ngifuna ukushaya ngonyawo olulodwa. Ngifuna ukwaziwa njengomuntu owafika endimeni wenza umehluko futhi oqhubekayo nokwenza umehluko. Ngifuna ukuqhubeka nokwenza umculo omnandi ngidansise abantu. Kumele ulokhu uyibambe ngegiya elilodwa hhayi udume bese uyacwila noma ulokhu uwa uvuka."

Uthe kulezi zinyanga ezintathu asezichithile emculweni ubonga ukwesekwa ikakhukukazi abanye oDJ besifazane. Uthe bayamcathulisa.

Uqhube wathi ufuna ukuba yisibonelo nakwabanye ngokuthi ungenza noma yini oyifisayo empilweni.

"Kukhona umuntu owathi kimi yifa usufeze wonke amaphupho akho ngoba unempilo eyodwa. Mina angizange ngibheke ukuthi abantu bazothini futhi angizange ngibone ukuthi amaphupho ami makhulu kakhulu."

USithelo uveze ukuthi njengoba ekhiphe i*Gcobhoza* nje akakabi nazo izinhlelo zokukhipha i-albhamu okwamanje ngoba usapholisha ithalente lakhe. Lo DJ usanda kuvela ekhasini lakhe le-Instagram ethakasela ukuthenga unyonyovu lwemoto.

# Bebebulala inyoka kwiGumba Fest

**FANELESIBONGE BENGU**

BATHWALE kanzima onogada bezama ukulawula isimo emcimbini iGumba Fest ezinkundleni zemidlalo oLundi ngoMgqibelo ebusuku abantu bedudulana befuna ukungena ngenkani.

Kuqale ngokuthi abantu basuke lapho bekudlala khona AmaZulu neMamelodi Sundowns emqhudelwaneni iPrince Mangosuthu Legacy Cup banyukela lapho bekuneGumba Fest khona.

UDJ Tira, ohlela iGumba Fest, watshela leli phephandaba ukuthi abantu abathenga amathikithi ebhola kumele baphinde bathenge awomcimbi wakhe.

Ukungena kwabantu enkundleni kwenze kwathi ukuma kancane kuthiwa abaphume abanye bagcina ngokugoloza.

Umcimbi uqhubekile futhi nasesangweni onogada bebala ukhasha abantu bezama ukungena.

Ngaphakathi umcimbi ubuqhubeka abaculi bengazibekile phansi esiteji.

Kwabebeshiyelana inkundla kubalwa uDJ Pzet noPinaola, DJ Syaro, Thokozani Langa, Rethabile Khumalo, Kotin noSithelo, DJ Mngadi, Donald, Sox, Babes Wodumo nabanye kanti uhlelo beluphethwe nguMC Slot, Oros, umlingisi wo*Zalo* uKhaya "GC" Dladla nomsakazi woKhozi FM uTshatha Ngobe.

Kuke kwaba nobuhixihixi kunandisa u-AKA kwaba nzima sekudlala uTira. Ku-AKA, ongene isikhathi sibheke ku-2 ekuseni, umsindo unqamuke eseshaya ingoma yakhe ethi *The World Is Yours*. Ulindile kwalungiswa wabe eseqhubeka.

Sekudlala uDJ Tira ngabo 4 ekuseni umsindo unqamuke izikhawu cishe ezine kanti okokugcina ukhombise ukunengeka waze wakhumula ama- headphones.

"Ndoda ye-sound, ungasibulali. Sidinga umculo," kusho uTira esiteji.

Unxuse ukuthi okungenani kucishwe amalambu kukhanye awomsindo. Lokhu kutolikwe ngokuthi i-generator ibisindwa wabe esecela ukuthi kuncishiswe okuxhunywe kuyo.

Umcimbi ubuye waqhubeka uTira wadlala. Emva kwakhe kungene uTipcee esiteji noDladla Mshunqisi.

Kuthe sekudlala ingoma kaTipcee ethi *Fakaza* kwaqhuma o-cricket.

Ngaleso sikhathi bese kuwu-5 ekuseni kusazodlala iDistruction Boyz noCndo.



**UBABES Wodumo wenze into yamehlo enandisa kwiGumba Fest engazibekile phansi eshaya imidanso emisha**

Izithombe: SIBONELO NGCOBO



**UMADANON unandise ngamatemu akhe asezindaweni zobumnandi**



**UL'VOVO noDanger beshaya abadume ngazo kwiGumba Fest**



**ABANTU bebephume ngobuningi babo kwiGumba Fest oLundi ngoMgqibelo ebusuku**



**ONOBUHLE abebeqhudelana kuMiss & Mr uShaka ngoMgqibelo ebusuku**

**ABADLE umhlanganiso kuMiss & Mr uShaka, nakuMiss & Mr Kids World noMiss Junior emcimbini obungoMgqibelo ebusuku**



# Uchaze amajaji othathe isicoco sikaMiss uShaka

**NONTUTHUKO NGUBANE**

UFUNA ukulwa nokuthembela kobaba abadala abaziwa ngama-blesser kubantu abasha uzime odle umhlanganiso kokaMr & Miss uShaka obuseShaka Marine World.

UThabile Makhanya udle umhlanganiso kulo mcimbi obungoMgqibelo ebusuku obekuboshelwe ozime abehlukene.

UThabile uwahlabe umxhwele amajaji ebuzwa ukuthi yini inselelo ebhekene nabantu abasha nokuthi angalwa kanjani nayo. Ukhale ngokuthi abantu abasha besifazane abaningi sebethembele kuma-blesser kunokuzenzela nokuyinto afuna ukulwa nayo njengozime waseShaka.

Umphathi waseShaka Marine World, uStella Khumalo, uthe ngalo mncintiswano wozime bahlose ukuthola umuntu ozokwazi ukubamela athuthukise negama labo ababhekile ubuhle bemvelo kuphela.

"Muningi umsebenzi ozokwenziwa wuzime osimele njengoba sifuna umuntu ozosimela kahle akhulise igama laseShaka njengoba sisanda kuwina kumaLilizela Awards. Sifuna ukuhlale sisezingeni lomhlaba," kusho uStella.

UThabile uhlomule ngo-R10 000 neminye imiklomelo okubalwa ama-cellphone, nama-voucher ezitolo zaseShaka Marine World abiza uR60 000.

Olale isibili kube uTina Nkangane, ophume endaweni yesithathu kwaba uCatelyn McKenzie.

KuMr uShaka kuphume phambili uDyllan Desfontaines, kwalandela uSean Shibe noMfundo Mthimkhulu ophume endaweni yesithathu.

Kwabancane uMiss Junior uShaka Marine World kube nguSisanda Duma, kwalandela uYandiswa Hlatshwayo, u-Andiswa Majozi walala isithathu. Ezinganeni ezincane uMiss uShaka Kids World, odle umhlanganiso kube u-Tylene Dilali kwalandela uMinenhle Mlotshwa endaweni yesithathu kwaphuma uNomthandazo Madela. Ezinganeni zabafana ophume phambili kuMr uShaka Kids World kube nguMinenhle Juqu, kwalandela u-Ayanda Nene endaweni yesithathu kwaba ngu-Aphelele Ntinga. Umcimbi ubuphethwe wumsakazi we-East Coast Radio uBongani Mtolo kanti bekunandisa namaqembu omculo endawo.

# Omunye ohoxe kuMantshontsho

**CHARLES KHUZWAYO**

SEKUPHINDE kwahoxa esinye isihlabani sikamaskandi kuMantshontsho Kamaskandi Awards, uPhumlani 'Imfezemnyama' Khumalo waMabunjwa wodumo lwengoma ethi *Uhlanya Lwami* nethi *Wayimosha Le nto*. Ngesonto eledlule kuphume uKhuzani neGcokama Elisha abakhala ngokungeneliseki ngalo mqhudelwano osuvumbulule omaskanda abaningi okubalwa kubo naMabhenanyawo.

Imfezemnyama iqophe i-video yayifaka ezinkundleni zokuxhumana inxusa abalandeli bayo ukuba bangalinge bayivotele kulo mqhudelwano wezindondo ngoba ayihlanganise lutho nawo.

Imfezemnyama iqokwe ngeqembu layo Amabunjwa kwiBest Male Group lapho iqhathwe khona naMageza Amahle, Amagcokama, Osaziwayo naManguni Amahle yabuye yafakwa nakoweBest Supporters, nakhona etholene phezulu naMageza noSaziwayo.

Ichaza Imfezemnyama ithe ithathe isinqumo sokuhoxa emiqhudelwaneni ngenxa yokwenziwa impatha isikhathi eside.

"Uma kwenziwa izinto kuthiwa Imfezemnyama akufanele isale noma ingabibikho. Kodwa ukwenziwa kwale nto ngisuke ngenziwa impatha, sengenziwe impatha kakhulu." Uthe kuqale ngesikhathi ekhiphe iCD ethi *Omahlalela*, athi yashisa izikhotha kodwa wahlulwa ngabaculi abangadumile.

Uthe okumcika kakhulu wukuthi kule miqhudelwano uhlulwa ngabaculi abangekho ezingeni noma kwenzeka iwina ayitholi ngisho indibilishi.

Imfezemnyama yake yaqopha umlando iqumba phansi Indidane kwiBest Male kumaSatma Awards ngo2013.

"Indaba yaMantshontsho ngicela ukungalokhu ngibalwa kuyona kakhulu, angisafuni ukungenela ama-awards." Ithe nezindondo eke yaziwina isiziphihlizile, ezinye yazilahla ngoba ayikaze ithole ngisho isenti ngazo.

"Angingalokhu ngifakwa kuMantshontsho, angenelisekile ngaMantshontsho akhona. Engikuchazayo bafowethu ngicela nime ukuvota, Imfezemnyama izobe ingekho lapho futhi nanoma yimaphi ama-awards ngizobe ngingekho kuwona," kuphetha Imfezemnyama.

Okhulumela aMantshontsho Kamaskandi Awards, uZazi Nxele, uthe baphoxekile ngesenzo seMfezemnyama ngoba bebazi ukuthi banobudlelwano obuhle nayo ngisho nakweminye imicimbi. Uthe bekufanele iqale ixhumane nabo ngaphambi kokugijimela kwi-video.

Echaza ngokuqokwa kwabaculi uZazi uthe bekuqale kucutshungulwe abangenile bese kubhekwa nabangangenelanga kodwa abanamagalelo emculweni.

"Sekunabaculi asebezakhela udumo ngokuhoxa kuMantshontsho ezinkundleni zokuxhumana. Bahlulwa yini ukuxhumana nathi ukuze sibakhiphe kahle hhayi ukuthi benze ama-video? Akekho umculi ophoqwayo ukuba angenele."



**PHUMLANI 'IMFEZEMNYAMA' KHUMALO**


**ISIMEMO SOKUBAMBA IQHAZA EKUCUTSHUNGULWENI KOHLELO LOKUTHINTEKA KWEZEMVELO NGUMZILA OHLONGOZWAYO WEZINTAMBO ZAMANDLA KAGESI EZILINGANISELWA KU 400KVKANYE NEZINYE IZIDINGONGQANGI MADUZANE NE RICHARDS BAY, KWISIFUNDAZWE SAKWA KWAZULU-NATALI**

**Igama Lohlelo:**
» Richards Bay Eskom East Coast Gas Power Station Power Lines (4 x 400kV)

**Umceli wentuthuko:**
» Eskom Holdings SoC Ltd (Eskom)

**Okuhlongozwa kwenziwa:** U Eskom kumele ache umzila wezintambo zamandla kagase asisindo esingu 4 400kv ozodonsa amandla aphehlwe kwisizinda esa esaziwa njenge Combined Cycle Power Plant (CCPP) esizokhiqiza amandla alinganiselwa 3000MW.

**The project scope:**
- Ukuthuthukiswa kwazozonke izizinda ezinganakiwe ezinamandla angu 400kv;
- Ukufakwa kwezinsimbi ezine ezehlisa izinkinga ezithikamezayo eceleni kwezinsiza ezamukela amandla ezingu 132kv kusiteshi esincane sase Athene;
- Ukuxhunyaniswa kwelezintambo zase Athene-Imvubu nase Mfolozi ezinamandla angu 400kv kubuye kwakhiwe imizila engu 4x 400kv engubude buka 12km eziqonde e siteshini esincane sase PS;
- Ukusungulwa kwezinsiza ngqangi zamandla angu 400kv ezimbili zesekwe nge 4 bese zinikezela amandla kusi teshi esincane I PS;
- Ziqinise nga 4 x 400kv wezinhlaka ezondla ngamandla isiteshi I PS;
- Ziqinise ngamandla angu 400kv izinhlaka eziguqula zidlulisele amandla esiteshinin sase PS;
- Ukusungulwa kwendawo yokusebenzela kuyo amandla kagesi igicine neminye mishini nezinsiza, ucingo lokubiyela Kanye nogandaganda abazokwa lendawo enamandla angu 400kv

**Indawo yomzila wentuthuko:** Lomzila ohlongozwayo uzoqala kusiteshi esikhulu esizokwaziwa nge CCPP esigcemeneni 2 nese 4 sendawo ekanywe njenge Erf 11376 esendaweni kwisigaba soku1D sokuthuthukiswa kwezindawo zezomboni eRichards Bay (RIDZ) esendawen elibanga elilinganiselwa ku 6 km eningizimgu nentshonalalnga yase Richards Bay iphinde ibe libanga elilinganiselwa ku 4 km eningizimu ntshonalanga yase Alton.

***Isidingo salemizila yezintambo zamandla ka gesi ukuba zixhume lezi ezikhona ezisuka:***
- Athene- Mvubu;
- Imvubu- Umfolozi

***Lokuxhunyaniswa kwamandla kagesi kuhlongozwa phakathi kwe:***
- Athene okuyisteshi esincane esisebangeni elilinganiselwa ebangeni elingu 6km entshonalanga kwalapho uzoqala khona noma;
- Imvubu esiteshini esincane esilibanga elilinganiselwa ku 10km enyakatho nalapho uzoqala khona.

Maphakathi nendawo kamasipala wase Mhlathule engapansi kukamasipala wesifunda seNkosi Cetshwayo,esifundazweni sakwaZulu Natal.

**Isicelo seMvume ngokwezeMvelo:** Lokhu Ngaphansi kwesigaba 24 no 24 D soMthetho wokuphathwa kwezeMvelo kaZwelonke (No 107 ka 1998), kufundwa ngokuhlanganyela neziphakamiso zokuThinteka kwezeMvelo(EIA Regulations (2014)), ngokwesichibiyelo sango 07 April 2017, sika GN R324,GN 325 kuya GN R327, Ukuhlaziywa kankye nokucutshungulwa komthelela kwezemvelo kudingeka kwenziwe ngokohlelo lwentuthuko ehlongozwayo.

**Ukubamba kweQhaza nguMphakathi:** EkoInfo CC Iiyona ejutshwe ukucubungula umthelela kwezeMvelo kanye neQhaza loMphakathi. Ukuze uthole ulwazi olungeziwe, uyamenywa ukuba ubhalise kusomqulu wohlu lwamagama oqoshiwe, uyacelwa ukuba ufake igama lakho ngothintanta nalaba kulemininigwane elandelayo ukuzwakalisa intshesekelo yakho ngolwazi ngaloluhlelo, ngokuthi ubhalele abakwa EkoInfo ngaphambi noma mhlaka **2 November 2018.**

**EkoInfo CC:** Attention Sean Hutcheons or Willem de Frey
P.O. Box 72847, Lynwood Ridge, 0040, Pretoria, Gauteng, RSA. ***http://www.ekoinfo.co.za***
Tel: 012-365-2546. Fax: 012-365-3217/ 0865469466.
Email: info@ekoinfo.co.za / public@ekoinfo.co.za / shutcheons@ekoinfo.co.za / wdefrey@ekoinfo.co.za